PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ISICELO SOKUPHAKANYISWA KWAMAGAMA ABANTU

UKUQASHWA KWAMALUNGU AMATHATHU EBHODINI LENHLANGANO YOKUSAKAZA NGOMOYA YASENINGIZIMU AFRIKA (SABC)

Izikhungo kanye/ noma abantu bayamenywa ukuba kuphakanyiswe amagama abantu abazogcwalisa izikhala zemisebenzi ezithathu zamalungu angakhiphi izinqumo eBhodini lezokuSakaza ngoMoya laseNingizimu Afrika, njengoba kuveziwe kwisahluko se-13 soMthetho wokuSakaza, Nombolo 4 we-1999.

INhlangano yezokuSakaza ngoMoya yaseNingizimu Afrika yasungulwa phansi koMthetho wokuSakaza ngoMoya (1936) njengebhizinisi likahulumeni ukuhlinzeka ukusebenza kokusakaza ngomoya komsakazo nokukamabonakude eNingizimu Afrika.

Amalungu eBhodi, uma esebhekwa wonke, kumele kube ngabantu:

- abazofaneleka ukusebenza eBhodini ngenxa yeziqu zabo, abanobuhlakani kanye nolwazi emkhakheni wenqubomgomo yokusakaza kanye nobuchwepheshe, imithetho yokusakaza ngomoya, umthetho wabezindaba, ukusebenza ebhizinisi kanye nezezimali, ukukhangisa, ezobuntatheli, ezikaqedisizungu kanye nezemfundo, izindaba zokuhlalisana nabantu kanye nezemisebenzi
- abazibophezele ekubeni neqiniso, ukusho ngenkululeko, ilungelo lomphakathi ukuba waziswe, nokuvuleleka kanye nokuvuleleka kanye nokuphendula kulabo abasebenza ehhovisi lomphakathi
- ukumela ibhodi lezahluko zonke zenani labantu beRiphabhulikhi
- abazibophezele ezinhlosweni nasemigomweni njengoba ibekiwe eMqulwini (Charter) waka-SABC
- abayizakhamizi zaseNingizimu Afrika ezihlala ngokugcwele kwiRiphabhulikhi.

Amagama aphakanyisiwe kumele abe negama eliphelele kanye nekheli lesikhungo kanye/ noma lomuntu owenza isiphakamiso, ophakanyisiwe kumele asayinde ukwamukela kwakhe ukukhethwa kanye ne-Curriculum Vitae yakhe, eveza okungenani lemininingwane elandelayo:

- Igama eliphelele, inombolo kamazisi kanye nobulili
- ikheli atholakala kulo, izinombolo zocingo nezefeksi kanye nekheli le-imeyli
- Imisebenzi ake asebenza kuyo (acaphune izinsuku nezinhlangano ezibandakanyekayo)
- Amakhophi aqinisekisiwe amaphepha emfundo kanye nomazisi.

Amagama aphakanyisiwe kanye nemibuzo kumele kuthunyelwe eKomidini lezokuXhumana i-Portfolio Committee on Communications, (zithunyelwe: ku**Mnu Thembinkosi Ngoma**, uNobhala weKomidi, 3rd floor, ku 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma uthumele i-imeyili ku **tngoma@parliament.gov.za** noma uthumele ifeksi ku **0865225740.** Imibuzo ngocingo ingabhekiswa ku-**(021) 403 3733** noma ku **083 7098407.**

Usuku lokugcina lamagama abantu abaphakanyiswayo: nguLwesihlanu, mhla zingama-30 kuNhlangulana wezi-2017 ngehora le-16:00 ntambama.

Sicela uqaphele ukuthi abakhethiwe bangase bahlolwe ubuqiniso balokho abakufundele futhi kubhekwe nobumsulwa kwezovikelekaIziphakamiso ezifike emva kwesikhathi ngeke zibhekwe.

Sikhishwe nguMnu CHM Maxegwana, iLungu lePhalamende - uSihlalo: weKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekelele ezokuXhumana.

Parliament. Making Democracy Work

www.parliament.gov.za